PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# BEKA UVO LWAKHO

## UMTHETHOSIVIVINYWA WOKWABIWA KWEMALI ENGENAYO WEZI-2026 KANYE NOMTHETHOSIVIVINYWA WOKWABIWA OKUKHETHEKILE WEZI-2025/26

## IZETHULO KANYE NOKULALELWA KWEZIMVO



IKomidi Elingaguquki Lokwabiwa KweziMali limema ababambiqhaza kanye nezinhlaka ezinentshisekelo ukuthi benze izethulo ngomlomo nezibhalwe phansi mayelana Nokwabiwa Kwemali Engenayo yowezi-2026 kanye Nomthethosivivinywa Yokwabiwa Okukhethekile wezi-2025/26 eyethulwa kanye neSabelomali sowezi-2026/2027 nguNgqongqoshe WeziMali ngomhla zingama-25 kuNhlolanja wezi-2026.

IMthethosivivinywa Yenqubo Yokuhlukaniswa Kwemali Engenayo Nomthetho Wezindaba Ezihlobene Nayo uNo 13 wezi-2018 udinga iPhalamende ukuba liqhube ukulalelwa kwezimvo zomphakathi futhi libike ngayo yonke iMithethosivivinywa. UMthethosivivinywa Wokwabiwa Kwemali Engenayo uhlinzekela ukwehlukaniswa ngokulinganayo kwemali engenayo eqoqwe kuzwelonke phakathi kwezinhlaka zikahulumeni kazwelonke, wezifundazwe kanye nowasekhaya onyakeni wezimali ofanele kanye nezibopho zawo zontathu ezigabeni ngokuhambisana nalokhu kuhlukaniswa; futhi nokuhlinzekela izindaba ezihambisana nalokho.

UMthethosivivinywa Wokwabiwa Okukhethekile wezi-2025/26 uhlinzekela ukwabiwa kwemali ngokwezidingo zoMbuso zonyaka wezimali wezi-2025/26; kanye nokuhlinzekela izindaba ezihlobene nalokho.

Ukulalewa kwezimvo zomphakathi kuyoba **se-Westville Community Hall, Durban (KZN)** yiKomidi Elingaguquki leSabelomali ngoLwesibili, **mhla zi-17 kuNdasa wezi-2026 kusukela ngehora lesi-9h00 kuya kwihora lesi-15h30**. Amalungu omphakathi ayamenywa esigcawini sokulalelwa kwezimvo zomphakathi ukuze enze izethulo ngomlomo noma athumele izethulo ezibhaliwe phansi mayelana neMithethosivivinywa.

Izethulo kumele ziqondiswe kuNobhala weKomidi, uMnu Mashile Maubane, nge-imeyili ku-amaubane@parliament.gov.za kanye noMnu Denver Woodington dwoodington@parlliament.gov.za. Izethulo ezibhaliwe nazo zingalethwa bukhoma ePhalamende laseNingizimu Afrika, Visitor`s Centre, Ground Floor, 90 Plein Street, Cape Town.

**Usuku lokugcina lokufaka iziphakamiso ezibhalwe phansi noma ukwenza isicelo ngomlomo yihora lesi-15:00 ngoMsombuluko, zi -16 kuNdasa wezi-2026.**

Amakhophi oMthethosivivinywa Wokuhlukaniswa Kwemali Engenayo wezi-2026 kanye noMthethosivivinywa Wokwabiwa Okukhethekile wezi-2026/27 ayatholakala **www.treasury.gov.za** noma **www.parliament.gov.za**.

**Ikhishwe ngu: Dkt. M Maimane, iLungu lePhalamende,**
uSihlalo weKomidi Elingaguquki Lokwabiwa KweziMali (IsiShayamthetho Sikazwelonke).